

## **Kushaqwe usikilidi, ugwayi wepayipi i-hookah-pipe kanye nokusansimbi ongekho emthethweni kwenani lika-R 40-million**

**Tshwane, 10 kuZibandlela 2021** – UMnyango Wehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo (SARS), usebenzisa izinhlelo ezintsha zokuhlonza ubungozi ziphinde zisebenzisana nama-ejensi aphoqelela umthetho, bashaqe usikilidi, ugwayi wepayipi i-hookah-pipe kanye nokusansimbi kudle intela engu-R40-million.

Usikilidi ongekho emthethweni wenani lika-R35-million uhlonzwe echwebeni laseDurban, kanti ePolokwane khona kutholakale owenani lika-R3-million. Umthwalo wokusansimbi okunenani lika-R160 000 ngokweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nawo uboshwe ePolokwane.

Amabhokisi kagwayi wepayipi i-hookah-pipe ongamabhokisi angama-432, wenani lika-R 2-million, watholwa e-City Deep kanti wawudalulwe njengotiligi kashukela owawukusigcinampahla uzokhishwa ezweni uye eMalawi. Kodwa-ke, ulwazi lwalukhombisa ukuthi usikilidi wawuzosathalaliswa khona kumakethe yakuleli.

Uphiko lweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS kanye nomnyango Wohwebo Olungemthetho yizo ezenza lomsebenzi besekwa uMnyango Wamaphoyisa (SAPS) kanye noPhiko Lokuphenywa Kwamacala Aseqhulwini (Hawks).

Ukushaqwa kukasikilidi ongemthetho kuchweba laseDurban kwenzeka emva uSARS usebezise izinhlelo zawo ezintsha zokuhlonza ubungozi ukuhlonza imithwalo ebingeniswa ezweni umuntu osekwenze ephindelela lobu bugebengu. Umthwalo lo wawudalulwe njengezinkomishi zetiye ezibunjiwe kanye nesinamathelisi esiqinile.

Umthwalo ubuqukethe amakhontena anamakesi amakhulu afihliwe ayi-1800 kasikilidi we-RG kanye namakesi amakhulu ayi-1245 kasikilidi onamagama amazwe angaphandle angabhalisiwe ukuthi angathengiswa eNingizimu Afrika.

EPolokwane, i-SAPS ibambe iloli elinosikilidi yase yazisa izisebenzi zakwa-SARS. Uphiko Lokuhweba Okungemthetho lwakaSARS luphenye iloli lathola amabhokisi angama-276 e-Remington Gold ongenaso isitembu esiyigolide saseNingizimu Afrika, wenani lika-R3-million.

Phakathi kweloli, izisebenzi ziphinde zathola umthwalo wokusansimbi okulahlwayo okunenani lika-R160 000 ngokweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni. Iloli lingene kulelizwe ngomngcele i-Beit Bridge. Kuboshwe abasolwa abane.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ut he laba abangenisa nabakhipha impahla ezweni eyimikhiqizo engekho emthethweni kumele baqaphele ukuthi uSARS

usebenzisa izinhlelo zesimanje ukuhlonza ubungozi kanye nokuhlonza imithwalo esolisayo.

“Ukusebenzisa ubuchwepheshe bakamuva, imininingo eminingi kanye nemishini yokufunda ukuhlonza nokuvimbela ukungathobeli kungokunye kwezimpokophelo zethu futhi kungena ngaphansi kwalokhu esifuna ukukufeza okungukwakha uSARS onobuhlakani, wesimanje futhi othenjwayo. Silwela ukuthi abantu bazithobebele ngokuzithandela kodwa sizobhekana kanzima nalabo abangathobeli nabenza imisebenzi ewubugebengu,” kwengeza uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)